## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-30 |

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele.

10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

1.1 Ngiyazisola Ngesinqumo Engasithatha. **[50]**

1.2 Impilo Ngaphandle Komculo. **[50]**

1.3 Phansi Ngokushintsha Ibala Lesikhumba Sakho! **[50]**

1.4 Amazwi Esiwakhulumayo Angakha Noma Abhidlize. **[50]**

1.5 Kufanele Yini Ukutshela Abantu Ukuthi Bagqoke Kanjani Emcimbini Wakho? **[50]**

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku-*World of Sport Magazine*] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI YOMSEBENZI/ESEMTHETHWENI**

I-Dance Academy yase-Argentine inika abafundi baseNingizimu Afrika abayi-10 imifundaze/amabhasari ukuyofundela ukudansa ngonyaka wezi-2018.

Bhala incwadi yesicelo somfundaze uyibhekise kuMnu. KK Soul kuleli kheli: Kisten Dance Academy, 183 Barta Street, Argentine, 8374. **[30]**

2.2 **UMLANDO NGOMUFI**

Kushone elinye lamalungu omndeni wakho emva kokugula isikhashana. Umndeni ucele ukuthi ubhale umlando walo.

Bhala umlando ngomufi. **[30]**

2.3 **UMBIKO**

Abafundi bebanga le-12 baye eCity Hall ukuyobuka umdlalo weshashalazi (stage play) omayelana nencwadi abayifundayo ezikoleni. Ngenxa yokuthi izikole bezininingi kakhulu abafundi bagcine sebephushana kwaba khona abalimalayo.

Bhala umbiko ozowunika imenenja yase-City Hall. **[30]**

2.4 **I-INTHAVYU**

Isikole iLinda Secondary sithole umklomelo wokuba esihlanzekile kunazo zonke.

Bhala i-inthavyu phakathi kukaNksz. Reddy oyintatheli yephephandaba kanye nothishomkhulu uMnu. Busa.



**[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **ISIKHANGISI**

Ungenele umncintiswano/umqhudelwano wokwenza isikhangisi sendawo yokosa inyama (shisa nyama).

Bhala isikhangisi esihle esizokwenza uwuwine lo mncintiswano.

**QAPHELA:** Imidwebo ayibalulekile kulo mbhalo. **[20]**

3.2 **IDAYARI**

Abazali bakho bafuna ukwenzela umfowenu umcimbi omkhulu wokumamukela njengoba kade ehlala eNgilandi iminyaka eyi-10. Lo mcimbi uzokwenzelwa ekhaya ngoMgqibelo ozayo. Umama wakho ucele ukuthi kube nguwena owenza wonke amalungiselelo alo mcimbi.

Bhala idayari yezinsuku ezi-5 ngamalungiselelo ozowenza ngaphambi kosuku lomcimbi. **[20]**

3.3 **INKOMBANDLELA**

UMnu. Sithole ufuna ukuyothenga inkomo KwaBele Livestock kodwa indlela eya khona akayazi.

Sebenzisa le nkombandlela esekhasini elilandelayo ukumyalela kusukela Ezweni Township aze afike lapho kudayiswa khona izinkomo.
Kuzomele ulandele imicibisholo. **[20]**

